187 Sisikwa emkhonweni waso, isiphandla size sithukululwe sesimqina,
naso size sizilahlekele lapho asikhweza khona. Umnqwamba
nesiphandla kusikwa kuso isikhumba esenza imbeleko yomntwana.

Inhlanti

Inhlanti igula lamasi elenziwa ngesikhumba senkomo. Siyaphalwa
kahle sishukwe njengo6a sengichazile ngokushukwa kwezikhumba
zenziwa iziphuku nokunye okuningi. Sisikwa phakathi senziwe
isiyingi esikhulu. Sibotshozwa izimbotshana ezincane eceleni
zizungeze njengaso, ezokufaka ifosi elincwelwe kahle lalolongwa.
Yilo elizosifingciza emlonyeni ku6oshwe ngalo nsi lapho sekwe-
188 thiwe u6isi phakathi. /Inhlanti yayithungwa ithi du igqingqwe
xamxlexkhonx ngenhla6athi no6ulongwe isemanzi yomele khona.
Kokhishwa igeqwe. U6isi luyavuthwa lu6e amasi angazakhanywa
umlaza ngo6a imva6a kayinambotshana ngaphansi. Leligula lixu-
kuzwa ngokugingqwa phansi lidushuzwa li6ukuzele lx li6e um6u-
ku6uku lithi 6uku 6uku. Selizochathazwa amasi esehlangene pha-
kathi nomlaza. Imva6a yayiyinhle kuqala ngezikhathi x zoku-
hlaselwa ixixpx izimpi, ngo6a yayithwaleka kalula noma iwa inga-
fi ithi nje ba6a, futhi yayilengiswa kalula nokudla phakathi.
Kodwa iyangcola ayifani negula loselwa.

Usinga

Usinga olukhishwa enkomeni lwenza izintambo zokuthunga luchazwa
esiga6eni semise6enzi eyenziwa ngezintambo.

189 <u>Ukusetshenziswa Kwensimbi nethusi</u>

A6antu 6akuqala nanxa 6a6engafundile, 6engazange 6ahlangane
nezizwe ezinye ezimhlophe esezafika nolwazi olukhulu lwemise-
6enzi emangalisayo, 6a6eyikhanda insimbi, 6eyazi a6akhandi 6ayo
la itholakal khona nal imbiwa khona, lokho kungulwazi lwa6o
6ona 6aninikukhanda 6a6azi ukuthi ukuze iluhge kuhle incibilike
ngoku6a iphekwe eziko, nokuthi idinga amalahle amaningi,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

a6esifazana 6ayowathwala ngakusasa ngezihlandla ezelukelwe ukuwathwala. A6anye 6a6ewathwala ngamaqoma 6awathuthele khona enkandelweni.

Sekuбasiwe esefake insimbi emlilweni engamaqekathana isi-
193 6ungelwa amalahle ishe 16e/ 6omvu klulu.

Isongo

Isongo lalikhandwa ngensimbi embiwayoeyayifika izigaxa yayaziwa inyanga yokukhanda kuphela, ingakhulumingendawo la iyithatha khona, na6ahlala nayo 6engayazi, kwazi yona yodwa izithwalela yodwa. Isongo lalihlo6a ngokufakwa ezingalweni ngenhla kwendololwane kugqizwa ngalo. Amanye amakhulu ayekhandwa elinganiswa nentamo kungawokugqiza entanyeni. Lapho insimbi isi6omvu eziko uyikhipha ngodlawu ayikhandele phezu kwetshenkomo eliluhlaza eli6ushelelezi, ayikhande ngembokodo
194 eyigco6a eyelula njengenduku 16enomhlandla phakathi. Usezoyinquma ayilinganisele isongo inga6inkulu 16encane, kanti a6ekhona futhi anomhlandla omkhulu okwenza amasongo amakhulu. Usezothatha intambo yokulinganisa engalweni awalinganiseonke kanjalo. Lapho esewanqume a6amaningi usewafaka emlilweni esha, usezowago6a esashisa e6omvu esathambile ewalinganisela zona izandla. Uwago6a kusale isangwana elincane ukuze uma ingalo inkulu lithi ukwawetshwa li6uye li6uyiselwe ukuze linga6e lisaphuma. Kukhona-ke a6antu a6azowaguxunga ematsheni 6awenze a6emhlophe njengomuntu elola ummese ngamanzi emlalazini. Se6ethatha imigoqwane imivalo yezinkomo, se6ewasulela kuyo
195 imivalo, asezo6a6ushelezi a6emhlope acwazimule manje. Umkhandi esewasulile wawaqeda usezowafaka embengeni agcwale asehanjiswa esiwa enkosini. Lawoke izikhono zamakhosikazi enkosi. Inkosi isizowa6ela umuzi wayo. A6antu a6a6ewathenga 6a6eshaya izimbuzi nezinkomo 6ewathenga amasongo ngo6a imali yayingaka6ikho.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

95.1

K13/118

Se6esho bethi:

U6ulala mina nje!
Wodliwa ngu6ani wemantayi!
Uhaqhambula, uhohombisa
Ushishiliza kwelimahayane
Lamshaya lambedula
Ngo6'eshishilize kwelimaholo
Kwelihayayo lamshaya
Ushishiliza kwelimaholo
Lidlule lingamenzi lutho!
Lambedula, ngo6'eshishilize
Kwelimaholo elihla6ayo,
Isihlehla nyovane njengomthakathi
Ehlehliswa 6uthakathi 6akhe.
Ugaula 6egoduka 6ehamba
Umzondo ozwakala ngokunuka
Ngo6'iphunga lakhe lishaq'ikhanda.
Umalal'egqumeni,
Njengesoka linqumisile,
Amakhaza adlul'egunguluza,
Lingawezwa ngo6a'lisithwe
Isihlahla esihle somkhiwane
Omaqa6unga awo athambile
Kanti athambele izandla zalo
Unodumela umkatayiya.

(Lapho.......)

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

